ISAZISO SOMPHAKATHI

COMMUNITY PARTICIPATION AND ACTION SUPPORT UNIT
ISAZISO SOMPHAKATHI
AMA-WORKSHOPS OKUQEQESHA IZINHLANGANO ZOMPHAKATHI

UMasipala waseThekwini uhlela ama-workshops ezinhlangano zomphakathi ezifundeni ezehlukahlukene endaweni engaphansi kukaMasipala waseThekwini. Inhloso yalama workshops ukucobelelana ngolwazi namakhono nezinhlangano zomphakathi ukuze zikwazi ukuthola uxhasomali olukhishwa ngumasipala nolunye usizo lwezimali oluvela kweminye imithombo. Zonke izinhlangano zomphakathi ezinentshisekelo yokuthola lolu qeqesho ziyamenywa ukuba zize kulama workshops ahlelwe kanje:

USUKU	ISIKHATHI	AMAWADI	INDAWO
26-03-2007	08h00-15h00	80,81,82	Umlazi Cinema
27-03-2007	08h00-15h00	70,71,72,73,17	Klaarwater Community Hall
28-03-2007	08h00-15h00	11,23,24,25,26,27,28,29, 32,33,37,65,30, 31	Durban City Hall
30-03-2007	08h00-15h00	95,96,97,98,99,100	Mpandwini
30-03-2007	08h00-15h00	24, 29,	Chesterville Comm Hall
30-03-2007	08h00-15h00	69,70,71,73	Bayview Community Hall
04-04-2007	08h00-15h00	67,68,89,90,93,94	Ramalinga
13-04-2007	08h00-15h00	97,98,99	Mnganiwakhe School
13-04-2007	08h00-15h00	83,84,85,86,87,88	M Community Hall
16-04-2007	08h00-15h00	86,87,88	Umlazi Indoor Sport Centre
18-04-2007	08h00-15h00	34,35,36	Fairwood Library
19-04-2007	08h00-15h00	49,50, 52,53,55,57	Ohlange Library
20-04-2007	08h00-15h00	48,49,50,52	Stanmore Library
23-04-2007	08h00-15h00	03,38,42,43,44,54, 55,56	Bester Community Hall
24-04-2007	08h00-15h00	38,42,43,44	Ntuzuma F Hall
25-042007	08h00-15h00	39,40,41,45,46,47	KwaMashuIndoor sports
26-04-2007	08h00-15h00	39,40,41	Kwa Mashu C Hall
30-04-2007	08h00-15h00	51,58,59,60,61,62	Verulam Library
02-05-2007	08h00-15h00	61,62	Tongaat Town Hall
03-05-2007	08h00-15h00	12,13,14,15,16, 17,18,63	Nagina Community Hall
07-05-2007	08h00-15h00	02,10,18,19,20,63	Pinetown Civic

* Lama workshops azogxila kulezi zihloko: Yenziwa kanjani ipulani yebhizinisi ngendlela efanele. Wenziwa kanjani umthethosisekelo. Senziwa kanjani isiphakamiso sebhizinisi. Izinyathelo okufanele zithathwe uma kubhaliswa inhlangano engenzi inzuzo. Ukuphathwa kwephrojekthi. Uma unemibuzo, ungaxhumana nalaba: Mumsy Ntombela - (031) 311 6171, Satha Govender - (031) 311 6195, Nonhlanhla Cele - (031) 311 6181, Mondli Mbambo - (031) 311 6156

ISAZISO

UBhekuyise Joseph Mtetwa, inombolo kamazisi: ID 670613 5584 080, wabelwa isiza esingunombolo 1184 Folweni, Unit C, kwaphuma nomxhaso wendlu omaqondana naso lesi siza.

Umnyango Wezezindlu kaMasipala waseThekwini udinga ukuxhumana nalo mnumzane, kodwa awukwazi ukuxhumana naye ngenxa yokuthi selashintsha ikheli lakhe nendawo asebenza kuyona.

UMnu Mthethwa uyanxuswa ukuba axhumane noMnyango Wezezindlu kaMasipala waseThekwini, emahhovisi awo ase-7th floor, Florence Mkhize Building noma ashayele ucingo uSipho Ngema kule nombolo: 031 311 1756 ngokushesha, ngaphambi komhla zingama-30 ku-April 2007, ngaphandle kwalokho le ndlu izonikwa umuntu olandelayo ohleni lwabafaka izicelo.

ISAZISO

Ngokwesigaba 19 somthetho kazwelonke omayelana noHulumeni basekhaya , uLocal Government : Municipal Systems Act, 2000, umphakathi uyaziswa ukuthi umhlangano ojwayelekile wo Mkhandlu kaMasipala waseThekwini uzoba ngoLwesithathu, 2007-03-28 ngo 10:00, eCity Hall Main Auditorium, Church Walk,Durban

DKT Michael Sutcliffe
Imenenja Yedolobha
City Hall
Ethekwini

ISAZISO

ISAZISO SETHENDA NES-IMEMO SAMATHENDA INOMBOLO YETHENDA: 2V-1180
UKWAKHIWA KWEMIGWAQO, IMISELE YAMANZI EMVULA NAMAPAYIPI ENDLE: INSIZWAKAZI

Abavunyelwe ukufaka amathenda yilabo kuphela ababhalise kwi-CIBD, noma labo abazokwazi ukubhalisa ngaphambi kokuhlaziywa kwamathenda afakiweyo, esigabeni sokubhaliswa kosonkontileka esilingana noma esingaphezu kwesinqunywe ngokwenani lomsebenzi wokwakha osezingeni 6CE/5CE PE. Imibhalo yamathenda ekhokhelwa idiphozi engeke ibuye engu R500 ekhokhwa ngesheke elikhokhela uMasipala waseThekwini itholakala kukheshiya, eBasement, Engineering Unit, Municipal Centre, 166 Old Fort Road, eThekwini, ngezikhathi zokusebenza kusukela ngo 8:00 kuya ku-12:30 kanye naphakathi kuka 13:15 no 15:15, mhla ka 2007-03-15. Imibuzo eqondene nemibhalo yamathenda ibhekiswa ku-NR Mncadi, kule nombolo yocingo: (031) 311 6371; eye-feksi: (031) 709 2099; e-mail: mncadim@durban.gov.za Umhlangano okuyimpoqo ukuwethamela wabafaka amathenda okwenza lo msebenzi uzoba kuyo le ndawo okuzokwenziwa kuyona lo msebenzi, mhla ka 2007-03-28, ngo 11:00. Amathenda kufanele afakwe ebhokisini lamathenda elise e-Ground Floor, Rennie House, 41 Victoria Embankment, eThekwini engakadluli u-11:00, mhla ka 2007-04-26. Amathenda athunyelwe nge telegram, ucingo, telex, ngefeksi kanye nafike emuva kwesikhathi angeke amukelwe. Indlela yokuvalwa, ukubhala ikheli, ukuthunyelwa, ukuvulwa nokuhlungwa kwamathenda ichaziwe kwimininingwane yethenda.

Dkt M.O. Sutcliffe
iMenenja yeDolobha